# UKUBIZELA UJESU ENKUNDLENI

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Asikhothamise amakhanda ethu.

2 Baba waseZulwini, sijabula kakhulu ukuthi sisalokhu sinaWe, Nkosi. Uma sesibenazo zonke ezinye izinto sezihambile, sisalokhu sinawe. Ungongunaphakade kokungunaphakade. SiyaKubonga, Nkosi, ngalezizinto eziyizimangaliso Osikhombise zona ngalesisikhathi sokuphela. SiyaKubonga ngalemvuselelo nangalendawo lapha, ngoMfowethu Carlson, ngabo bonke abafowethu abangabefundisi macala onke abazama ukubamba baphakamise into eyiyo. Siyabakhulekela, Nkosi, ngayo yonke inhliziyo yethu, ukuthi Uzo—Uzosipha ukuphaphama okukhulu lapha eChicago, Nkosi. Siphe khona. Sikubhekile. Manje thethelela izono zethu neziphambeko. Futhi manje, Nkosi, ngokukhathala ngokukhuluma ngokomzimba, kodwa nokho emoyeni ngizizwa ngifreshi, futhi ngikhulekela ukuthi Uzosihlumelelisa sonke manje futhi usenze silungele noma yini Onayo ngathi kulobubusuku. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

3 Ningahlala phansi. Impela lesi besiyisikhathi esikhulu sokungihlumelelisa. Ngisithokozele kakhulu impela. INkosi uJesu kuphela iyazi ukuthi ngi—ngibonga kangakanani iNkosi nga—ngalokho Enakho . . . ngalokho Esenzele khona.

4 Manje ngifuna ukubonga lezizethameli ngawo wonke umusa wenu nangobambiswano lwenu, ngo—ngokuhlala ngakithi futhi nilalele iZwi. Futhi nokho, ngeSonto ebusuku, emva kokuba nenkonzo yangeSonto ntambama, indawo ngokwangempela iminyene kwaze kwaba ngaphandle kulobubusuku. Sibonga kakhulu ngalokho.

5 Manje ngifuna ukunibonga ngezimpawu zenu ezincane zezipho eningithumelele zona, ngoBilly Paul. Ibhokisi likaswidi nebhokisi lamabhanisi, ne, niyazi, ibhokisi la—lamakinati amawolnati keneli, ne, o, zonke izipho ezincane nezinto, zisho nje olukhulu kakhulu enhliziyweni yethu. Sikuthokozela ngempela. Ngokwejwayelekile . . .

6 Ngicabanga ukuthi bathe bathathe umnikelo wokothando. Leso bekungesiso isizathu sokuba ngize, nonke niyakwazi lokho, emva kwayo yonke leminyaka. Kodwa okungumnikelo wokothando, angikubuki ngisho, angikuboni. Kuya ngqo e—e . . . ku—kungokohambo lwaphesheya kwezilwandle lokuthunywa kwenkolo, engilungiselela ukuluthatha masinya.

7 Ngiyangena ukubona abanye benu abakahle baseNorway nabaseSwidi, ikhaya lenu lasekuqaleni lapho enivela khona,

phesheya eNorway naseSwidi; nasezansi eDenmark, kwenyukele eFinland.

8 Bese kuthi-ke ngiwele ukuyobona uMfowethu Mattsson, eKenya naseTanganyika, ngivakashele izikole zakhe. Umfowethu omncane ngempela usebenze kanzima kulezozikole. Ngizomvakashela, ukubeka inkonzo iNkosi uJesu engiphe yona, phambi kwalezozinsizwa ezingamagugu lapho ephumayo ithwele iVangeli.

9 Ukusuka lapho, ngehlele eNingizimu Afrika, ngize, ngizama ukubuya ngijikeleze ngedlule eShayina, eJapani, nasenhla ngaphesheya kwelinye icala lezwe.

10 Yilokho esikwenzayo ngaleminikelo yokothando. Futhi si. . . Ngakho-ke abantu abakwazi ukuxhasa imihlangano, ngakho ngivele nje ngibe ngilokhu ngigodle yonke into abantu abangipha yona, engenayo. Angilishintshi ngisho nesheke; ligxivizwa ebandleni, bese lingena emnikelweni futhi lingasetshenziselwa lokho kuphela, yikho kuphela, ngakho manje-ke ngiyazi kufanele kuhambe kahle, niyabo, ngakho siyabonga.

11 Futhi ngizojabula ngempela, cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili ebandla lethu ngapha eChicago ngokwejwayelekile ngabaseNorway noma abaseSwidi, futhi—futhi bangabantu abathandeka ngempela.

12 Ngokukhuluma ngokusobala, ngiyasuka eChicago, ngiya eTucson, eArizona. Yilapho engakhe khona manje. Futhi ngakhe. . . Umninindlu wami ngomncane waseSwidi. Ngikholwa ukuthi kungenzeka ukuthi uhlezi lapha, kulobubusuku, uDadewethu Larson. Ngihlala ekhaya lakhe eTucson, eArizona. Angikamboni nokho, kodwa wakhe lapha eChicago, futhi mhlampe lapha ngalesisikhathi uma engekho phandle eTucson. Othandekayo, onomoya omnandi umuntu omncane, nomyeni othandekayo. Impela siyamthokozela.

13 Futhi manje, uMfowethu Carlson, iChristian Business Men, bonke abafowethu abangabefundisi ndawo zonke, iNkosi inibusise kakhulu. INkosi ibusise lendawo futhi iyenze ibe yindawo enkulu yensindiso, lapho, isiphephelo lapho abalungileyo bebalekela khona futhi baphephe. Lowo ngumkhuleko wami oqotho. Futhi ngithemba ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi . . .

14 Kulena ebukhali, imiLayezo esikayo, uma ngizame ngenhloso ukulimaza omunye, uNkulunkulu angithethelele. Ngingekwenze lokho, mahhala. Kodwa nokho ngiyisiboshwa kuleliZwi, niyabo, ngi—ngifanele ngihlale naLo ngqo. Angizikhulumi izinto ezilukhuni u—ukwenza abantu baphatheke kabi. Ngikhuluma izinto ezibukhali, ngezinye izikhathi, ukwenza abantu babuke, babone, ukubabaza, “O, bukani!” Niyabo, ukubenza bakubuke, ukuba babone. Manje-

ke uma ubathola, mhlawumbe ngezinye izikhathi kuyabacanula. Futhi cishe ngokuphindwe kasishiyagalolunye eshumini, uma bethola ukucanulwa kancanyana, bayohamba ukuba bayohlola imiBhalo, noNkulunkulu wenza konke okunye okuseleyoke, niyabo. Nje kuphela babuke imiBhalo. Uma ngike ngize ngisho noma yini ephambene nemiBhalo, nibophezelekile ukuba nize ningitshele ngakho, ningibhalele, noma ngandlela thize ningazise. Futhi yingalesosizathu ngizwa ngibophezelekile kini, ukuchaza imiBhalo. Ngingazami nje ukuYichaza; nje ngisho indlela eyiyo. Yilokho Ekushoyo. Niyikholwe, niyikholwe kanjalo.

15 Manje, ngikuthokozela ngempela ukuvakasha. Ngiza kini, ngikhathele. Ngisanda nje kuba nezingxoxiswano nemihlangano, kanjalonjalo, sengize ngathi ukukhandleka. Nemihlangano emibili ngosuku ithi ukuthola, awu, sengithe ukwenyukela phambidlana emgwaqeni kunoma ngangivame ukuba yikho. Ngisanda nje kwedlula emashumini amabilinanhlanu, niyazi, okwesibili. Kunjalo.

16 Awu, kunye kuphela ukuzisola, ukuthi, angiMazanga kuse eli kakhulu empilweni. Ngangishumayela iVangeli ngenkathi ngangithi angibe, ngiyethemba, ngithi angibe neminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, futhi ngifisa sengathi ngabe ngaqala ukushumayela ngenkathi sengikwazi ukuzama ukukhuluma, umfanyana nje. Yangi—ngi—ngigeja yonke leyominyaka eligugu. Ngomunye osemusha lapha, ngithemba ukuthi uyothatha lapho engenza khona iphutha lami, kusukela cishe eminyakeni eyishumi ubudala, kuqhubekele emashumini amabili-nanye noma amashumi amabili-nambili, ngithemba ukuthi uzoqala eli kakhulu, ukuze ungezukubheka emuva ekuzisoleni engibuka kukho.

17 INkosi ibe nani, ngumkhuleko wami. Futhi ngithemba ukuthi into ethize iNkosi uJesu engivumele ngiyenze, ngesiphiwo . . .

18 Niyabo, angi, bengingesho ukuthi ngingumshumayeli, niyabo, ngoba mina, indawo yokuqala, angisilo iqaphuqaphu ngokwenele, anginamfundo. Yingakho bengingesho ngokuba nje ngu—ngu "mshumayeli." Ngoba, uma umuntu ethi, "umfundisi," ngokukhulu ukushesha babheka isiqu sasekholiji, babuka uDokotela othize omkhulu wezobuNkulunkulu, noma into ethize. Bese kuthi-ke uma ukhuluma ngokuthi "umshumayeli," bese-ke usebenzisa amazwi ami, ukukhuluma nokubhalwa kolimi kwami okuphansi, lolohlobo lokubuka lulahlwa phansi.

19 Kodwa iNkosi yangithumela ukukhulekela abantwana baYo abagulayo. Futhi phakathi lapho, engikwaziyo ngaYo, ngiyathanda ukukuzwakalisa ngayo yonke inhliziyo yami. Uma ngenza amaphutha, ningikhulekele. Angisuye ongenasiphosiso. Ngingumfowenu. Futhi manje ngithemba ukuthi uNkulunkulu

wenze into ethize; uma Engayenzanga, kwangathi Angayenza namanje kulobubusuku, akhulume izwi elithize noma into ethize ezonibangela ukuba nikholwe kuYe.

20 Omunye wayefuna ukungipha isipho lapha kungekudala, okungukuthi, kwakuyimali ebhekile impela. Ngase ngithi, "Ngi—ngi—ngingeke ngayithatha." Ngathi, "Ngi—ngingeke ngazi ukuthi ngenzeni ngayo, niyabo," ngasho. Bathi . . . Awu, awu, kwakungamadola ayinkulungwane, niyabo. Ngase ngithi, "Uma ngingeke ngazi ukuthi ngenzeni ngayo."

21 Bathi, "Awu, sifuna lokhu kube ngokuqondene nomuntu. Asikufuni lokhu kuye ebandleni."

22 Akuyi ebandleni. Lesi yisisekelo. Niyabo, kuya ebandleni, ngegama lebandla, kodwa kuyimali ebekwe eceleni yenzelwa ukuya phesheya kwezilwandle kuphela. Niyabo? Futhi ngakho-ke, khona, i—izipho azitheliswa intela, ngakho manje-ke ifanele isetshenziselwe lokho. Ibhodi yabaphatheli, abaphatheli bahlezi khona lapha kulobubusuku, bengilalele. Nalokho kuqinisile. Futhi ngathi . . .

Bathi, "Sifuna lokhu kube ngokwakho nomndeni wakho."

23 Kwakuyisheke. Angilithathanga, niyabo. Ngathi, "Ngi—ngingeke ngakwenza lokho." Ngathi, "Niyafuna ukungijabulisa na?"

Bathi, "Impela."

Ngathi, "Ngingakwenza ngalo engifuna ukukwenza na?"

"Ya."

24 Ngathi, "Ngakho-ke angizisize ngikhokhele indlela yami yaphesheya kwezilwandle." Ngase ngithi, "Sinezingubo ezenele ukuba sigqoke. Abantu basipha inqwaba yezingubo, futhi sinokudla etafuleni. Ngenza amadola ayikhulu ngeviki avela ebandleni." Ngase ngithi-ke, "Mina, thina, sihambisana kahle. Angenze ngalo engifuna ukukwenza." Ngase ngi . . .

Bathi, "Kulungile, ngelakho, zijabulise."

Ngase ngithi, "Kuzongijabulisa kakhulu."

25 [Umfowethu uya epulpiti futhi uphazamisa uMfowethu Branham, futhi uthi, "Ake ngisho izwi elilodwa nje. Kune Oldsmobile eblu eyisteshini wegoni epakwe ngemuva ngqo kwemoto kaMfowethu Branham. Manje, uma sebehamba, bazompintsheka phakathi lapho. Ngakho uma ulapha, ungasiza uhambe uyoyigudluza, iOldsmobile eblu eyisiteshini wegoni yaseIowa. Anginayo ilayisensi namba, kodwa mhlampe uyazazi ukuthi ungubani, futhi uzosiza ugudluze imoto yakho. Ngiyabonga."—Umhl.] Yebo, mnumzane.

26 Uthando. Si—sinokuthokoza ngempela ngani bantu. Futhi manje iNkosi inibusise kakhulu. Futhi uma uke uze wedlule

eJeffersonville, ume futhi ungibone. Uma uza wedlula eTucson, ume futhi ungibone, futhi ngi—ngiyojabula ukukubona.

27 Manje njalo, ngihlala eTucson, iofisi (khumbulani) lihlezi liseJeffersonville. UBilly Paul ukhona lapho ngaso sonke isikhathi, azi ukuthi kukuphi lapho angangithinta khona noma nini. Niyabo? Uyoba cishe nguyena kuphela oyokwazi, ngoba ngisensimini, kuqala indawo eyodwa, enye. Futhi mhlawumbe ngibe lapha, asithi, eTucson; ehoreni kusukela ngaleyonkathi, iNkosi inginike umbono, ngingahle ngibe semgwaqeni ngiya eHawaii, niyabo. Nje nomaphi lapho Ingibizela khona, yilapho engiya khona, nje hhayi noma kuyiphi enye indawo kodwa khona lapho, niyabo. Futhi ningikhulekele. Uma ngingasaphindi nginibone, nganeno komfula, ngiyohlangana nani Laphaya. Amen.

28 Manje ngaphambi kokusondela eZwini. Futhi, kulobubusuku, ngifuna ukuthatha nje—nje imizuzwana embalwa, ngoba ngihlangane nabanye babangane bami phandle lapho abavela ezansi eJeffersonville, futhi ngahlangana nelinye iqembu labo ngale emgwaqeni, futhi bayashayela kulobubusuku, emva kwenkonzo. Futhi bengizoshumayela ngendaba ethi, *UkuBala ngokuhlehla*, leyo inde cishe ngamahora amabili nohhafu. Ngakho ba—bangengene eJeffersonville kungakasi ekuseni. Ngakho, nabaningi benu bantu bazodingeka baye emsebenzini. Futhi ningizwile ngikhuluma kuleliviki, futhi ngakujabulela ukuba nani. Futhi manje kulobubusuku ngizozama ukwenza okwedlula konke engingakwenza. Manje, khona-ke ngingeke, ngakusho lokho futhi angiyikusho noma yini engalungile.

29 Manje sizokhuleka ngaphambi kokuba sisondele eZwini.

30 Nkulunkulu onesihawu, ngiqonda ukuthi ngi. . .kade ngibuka phezu kwabantu lapha mhlawumbe abanye angisophinde ngibabone futhi. Lesi kuzoba yisikhathi sethu sokugcina sokubonana. Uma ngingafanele ngibuye onyakeni kusukela manje, abaningi babo, mhlawumbe abanye bayobe sebashona, empeleni, abantu asebebadadlana. Futhi, Nkosi, ngiyaqonda ukuthi kunabanye phakathi lapha kulobubusuku ogulayo, futhi uma Ungawuthinti umzimba wabo ngenye indlela, ngi. . .mhlawumbe abazukubakhona lapha isikhathi eside kakhulu futhi. Kanti futhi, Nkosi, ngingahle ngingabi lapha isikhathi eside kakhulu. Asazi. Asibe qotho, khona-ke, futhi sizimisele, sikhumbula iZwi likaNkulunkulu, ukuthi, “Konke kusebenza kube ngokuhle kwabamthandayo uNkulunkulu.”

31 Futhi ngizofunda iZwi, Nkosi. Yilokho kuphela engingakwenza ngukufunda iZwi, futhi sizothembela kuWe ukuba usho into ethize noma wenze into ethize ezosindisa wonke umuntu ongasindisiwe lapha kulobubusuku. Kwangathi iZwi likaNkulunkulu lingaba yilo ngempela kwabanye abantu,

kulobubusuku, Nkosi, ongasindisiwe, kuze kuthi phansi enhliziyweni yabo bazoKwemukela njengoMsindisi wabo. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungeza phakathi kwethu, ukhulume kithi, futhi wenze umsebenzi kaNkulunkulu, ngokuqinisa iZwi ngezibonakaliso zilandela. Siphe khona, Baba.

32 Futhi uma ukuphila sekuphele konke futhi size ekuPhileni okuPhakade, siyobonga kakhulu nje, Nkosi, kuze kube yilesosikhathi. Bese-ke kuba ngunyaka ongenakuphela, sifuna ukuhlala ezinyaweni zaKho, futhi sibuke Lowo esimthandayo naLowo owasithandayo. Kuze kube yilesosikhathi, sigcine siphilile futhi sijabula, sikhonza Wena. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

33 [Umfowethu futhi uza emsamo futhi ucela ukuba umnikazi asize bagudluze imoto yabo—Umhl.]

34 Asiphenye manje emiBhalweni, esahlukweni 4 sikaMarku oNgcwele, ivesi 35, ukuba sifunde, uma nifuna ukulandela noma—noma mhlawumbe nikugcine kubhalwe phansi. Ngiyazi, inqwaba yabantu, bathatha futhi bamake eBhayibhelini labo, indikimba encane, lapho umfundisi ekhuluma khona, futhi kusukela lapho ba—bayathanda ukubuye bathathisele kukho. Futhi ngithanda ukufunda lemiLayezo elula emincane yeBhayibheli futhi ngikhulume ngayo, nje kuxhuxhumisa inhliziyo yami ukwenzenjalo. Ivesi 35 lesahluko 4 sikaMarku oNgcwele.

> *Ngalolosuku, sekuhlwile, wathi kubo, Asiwele siye ngaphesheya.*
>
> *Base bemukisa isixuku, bahamba naye njengalokho ebesemkhunjini. Kwakukhona neminye imikhunjana ihambisana naye.*
>
> *Kwase kuvuka isivunguvungu esikhulu somoya, amaza aphonseka phakathi emkhunjini, waze waqala ukugcwala.*
>
> *Kepha yena wayengasemuva emkhunjini,* elele, ulala *esicamelweni: bamvusa, bathi kuye, Mfundisi, awunaki nakuba sibhubha na?*
>
> *Wayesevuka, wakhuza umoya, wathi kulo ulwandle, Thula, uthi du. Kwanqamuka umoya, kwaba-khona ukuthula okukhulu.*
>
> *Wathi kubo, Yini ukuba nesabe kangaka na? Yini ukuba ningabi-nakukholwa na?*
>
> *Besaba ngokwesaba okukhulu, bathi omunye komunye, Kanti lo ungubani, lokhu imimoya nolwandle kuyamlalela na?*

35 Nje okwe—ingxoxo encane, kulobubusuku, ngithanda ukuthatha indikimba kulokho, futhi ngiyibize ngalokhu: *Ukubizela uJesu ENkundleni*. Asibizele uJesu enkundleni.

36 Niyazi, sengathi ngiyabona mayelana nokuthi Wazizwa enjani. Wayekade esanda kuba nosuku olukhulu nje. Futhi ku . . . Wayekhathele. Futhi Wayekade ekhuluma kakhulu ngalolosuku, efundisa ngemifanekiso. Uma nizoqaphela, ngembewu yesinaphi nezinto ezehlukene. Wayekade enosuku olukhulu lokuphilisa abagulayo, no—nokufundisa, namandla aKhe okomzimba ayesethi nje awaphele. Futhi uma noma yimuphi umfundisi azi, ezinkonzweni zethu ezincane nje esinazo, ukuthi isikhathalisa kanjani, kufanele ukuthi kwenzani-ke kuYe na?

37 Khumbulani, enyameni Wayengumuntu nje, kodwa eMoyeni WayenguNkulunkulu. Kodwa, umuntu enyameni, ngakho-ke umzimba waKhe wawuyisidalwa esingumuntu lokhu wawuphansi kwezilingo, uphansi kwezigulo, futhi nje ufana nowethu; njengoba Wayefanele embathe, abe ngu—nguMuntu, okobuntu. Bese kuthi-ke WayenguNkulunkulu, eMoyeni. Wathi, "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi."

38 Ngenkathi uJohane eMbhaphathiza emfuleni, iJordani, sibona uNkulunkulu ehla evela eZulwini njengejuba, nePhimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi kuYo eNgithokozile ukuhlala." Manje uma uthatha elasekuqaleni, futhi ngempela ngendlela elibhalwe ngayo, kuthi, "ENgithokozile ukuhlala kuYo." Niyabo? Kodwa babeka isenzo phambi kwesandiso. "KuYo eNgithokozile ukuhlala, noma, kuYo eNgithokozile ukuhlala; eNgithokozile ukuhlala kuYo." Niyabo?

39 Yena, uNkulunkulu, wayehlala kuKristu, futhi kuYe kwakungukugcwala konke kobuNkulunkulu, ngokomzimba. UNkulunkulu ezizwakalisa Yena uqobo ngoJesu, noJesu wayengukuqinisekiswa kukaNkulunkulu. Ningakuqonda manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, hhayi abantu abathathu; izingxenye ezingehlukaniseki ezintathu zikaNkulunkulu oyedwa. Hhayi onkulunkulu abathathu; onkulunkulu abathathu, umhedeni. Niyabo? Hhayi onkulunkulu abathathu, hhayi . . . UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, akusibo onkulunkulu abahlukene abathathu. NguNkulunkulu oyedwa ezibonakalisweni ezintathu.

40 UNkulunkulu, uYise, esimweni sikaMoya oNgcwele wayeseNsikeni yoMlilo, futhi, Leyo, akekho owayengathinta ngakuYe. Wayengcwele. Akukho-mnikelo wesono owenziwa; umnikelo osekungashiwo nje.

41 Manje, leyoNsika yoMlilo efanayo, ubuBaba, yehla futhi yenziwa uNkulunkulu ebuDodaneni. Wayehlala eNsikeni yoMlilo, lapha U . . . eNkazimulweni yeShekina. Lapha Wayehlala emzimbeni, owawuyiNdodana yaKhe Ayidalayo futhi wayenza esimweni somuntu, ngakho lokho kwaMenza iNdodana

kaNkulunkulu, uAdamu wesiBili. Manje, Wayedingeka afike ngesizalo sowesifazane, hhayi njengo Adamu, ngoba lokho yilokho Ayedingeka akulahle, ukuzalwa kwesidalwa esingumuntu ngowesifazane. Niyabo, ngakho Wadingeka afike ngaleyondlela. Manje lowo nguNkulunkulu, iNdodana, uNkulunkulu ofanayo. Futhi manje Yena, ngokunikela lowo mzimba ongenasono, wenza umnikelo womuntu.

42 Manje, ingqamuzana, noma umoya, ukuphila, kulele egazini. Futhi ngenkathi ingqamuzana legazi lewundlu noma isilwane sephulwa, ukuphila okwakukulelongqamuzana kwakungenakubuyela phezu komkhonzi, ngoba kwakuyisilwane. Futhi thina siyisidalwa esingumuntu, sehlukile. Isilwane asinamphefumulo. Isidalwa esingumuntu sinophefumulo. Ngakho u—u—umoya wawungenakubuyela phezu kwakhe emva kokuba esenze umnikelo wakhe, kodwa nokho wawenza, futhi ngobuqotho, ekhuluma ngokukholwa ayekholwa ukuthi lowoMnikelo ophelele wawuza.

43 Kodwa ngenkathi ingqamuzana leGazi lephulwa, kuJesu Kristu, uNkulunkulu wakhululwa. Niyabo, wayenguNkulunkulu. LeloGazi lalingesilo eleJuda. LeloGazi lalingesuye oweZizwe. Lelo kwakuyingqamuzana leGazi elidalayo, uNkulunkulu qobo lwaKhe. Futhi manje ngaleloGazi, enza inhlawulo ngezono zethu, lihlanza ikholwa, lisusa zonke izono zalo kulo, kubesengathi lalingakaze lone. UNkulunkulu uzifaka oLwandle loKukhohlwa. NoNkulunkulu ofanayo owayephezu kukaJesu Kristu uyaqhubeka ekholweni, enza imisebenzi efanayo Ayenza lapha, ngoba UnguMoya ofanayo.

44 Nango uNkulunkulu, niyabo, hhayi onkulunkulu abathathu. O, bangaki kini bantu bakamthathu emunye enikuxovile lokho. Futhi nikuxove kanjani nina bantu bakaMunye, futhi, ngaYe emunye njengomunwe wakho. Ehhe. Niyabo? Bona, bobabili bakuxovile. Niyabo? Kunjalo. UnguNkulunkulu oyedwa njengomunwe wakho, oyedwa, Wayengaba kanjani nguYise waKhe uqobo na? Niyabo? Niyabo, Angebe nguYise waKhe uQobo. Futhi uma Wayenomunye uYise ngaphandle kukaMoya oNgcwele, futhi uma uNkulunkulu eyindoda, umuntu, khona-ke Uyi. . . uMoya oNgcwele wawunguYise, noNkulunkulu unguYise, uMathewu 1, ngakho manje-ke WayenguMntwana ozalwe ngaphandle komshado. Niyabo? Ngakho ayikho enye indlela ongakwenza ngayo, wena, kuyiphutha kokubili.

45 WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni yeNdodana yaKhe enokudala. Niyabo? Manje, lokho ngukuthi, uNkulunkulu wadala iNdodana.

46 Futhi uma ninabantu beKatolika nithi, "Ubudodana obuPhakade," nilithathaphi igama elinjalo na? Akunamqondo, kimi. Angaba kanjani ngoPhakade futhi abe yindodana na? Indodana yinto e "zelweyo," kungaba kanjani ngokuPhakade

na? OkuPhakade akuzange kuqale, akupheli neze, ngakho kwakungaba kanjani ngubudodana obuphakade na? O, he!

47 Uma lamahlelo lingazenzanga izinto zaba ngamathizethize, angazi ukuthi lenzeni. Akumangalisi abantu bengakwazi ukuba nokukholwa, abazi ukuthi babenokukholwa kukuphi. Kunjalo. Esikudingayo yifeshini enhle endala, sibuyele eBhayibhelini. Kunjalo. Kunjalo impela. Kunjalo.

48 Manje, uJesu engumuntu, ngokomzimba, wayekhathele, ekhandlekile. Manje elele lapho, ekhathele; amandla ayemukile kuYe. Futhi manje-ke Yena enguNkulunkulu, Wayengenza kuphela oku . . .

49 Manje wena uthi, "Wayengaba kanjani nguNkulunkulu futhi abe ngumuntu na?" Niyabo, nanso imfihlakalo. Niyabo, emzimbeni Wayengumuntu, eMoyeni WayenguNkulunkulu. Niyabo?

50 Omunye wangibuza, wathi, "Manje-ke kwenzeka kanjani, Wayekhuleka kuBani eNsimini yaseGetsemane na?"

51 Ngathi, "Ngizokuphendula kulokho uma uphendula lokhu: Uyakholwa ukuthi unoMoya oNgcwele na?"

"Yebo."

52 Ngathi, "Manje-ke ukhuleka kuBani na? Ukuphi uma ukhuleka kuYe na? Uma, uzisho ukuthi unaYe, futhi nokho ukhuleka kuYe." Niyabo? Abantu nje . . . bathola nje umqondo omncane othize bese begijima badlebeleke nawo, niyabo, yileyondlela okuhamba ngayo.

53 Manje, eMoyeni, wayenguNkulunkulu. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 3, niyabo, "Uma, iNdodana yomuntu manje eseZulwini, nokho emi lapha emhlabeni, uma iNdodana yomuntu manje eseZulwini." Ubungakuphendula kanjani lokho na? Niyabo, Wathi WayeseZulwini ngaleyonkathi, futhi lapha Wayemi emhlabeni. Niyabo? O, he! Niyabo, lokho, Wadingeka abe nguNkulunkulu, osezindaweni zonke. Niyabo? Impela, Ukhona ndawo zonke. Wazi yonke imicabango. Ngokuba ngowazi konke, azi izinto zonke, Angaba sezindaweni zonke. Niyabo?

54 Ngakho manje siyaMthola, azi ukuthi Wayenomsebenzi omkhulu oMhlalele, ngosuku olulandelayo, Wayeya eGadara. Futhi eGadara kwakunohlanya, indoda eyayilahlekelwe yingqondo yayo, futhi yayiphandle lapho ihlala phakathi kodeveli, futhi izisika, indoda ehluphekayo eyayingenakubiza usizo lwayo uqobo. Futhi manje sithola ukuthi Usendleni yaKhe laphaya. Ngikholwa ukuthi Wayazi konke ngakho. UBaba wayeMthumele laphaya. Wayekwazi.

55 Futhi manje ekhathele futhi ekhandlekile, Ubuyela emuva futhi uthatha lelithuba lokuphumula okuncane umkhumbi usawela ulwandle. Usuku olukhulu, mhlawumbe

cishe ngalesisikhathi kusihlwa, noma kamuvanyana, bawela ulwandle, manje ngenkathi uJesu esabuyela ngasemuva, ngemuva endaweni engemuva yomkhumbi, mhlawumpe wangena ekamelweni elincane emuva lapho, wayesecambalala esicamelweni. Futhi esalele lapho, ephumule, abafundi, bacabanga, "Manje uhambo lwethu losuku seluphelile, noma umsebenzi wethu ngaYe, manje sithatha umsebenzi wethu onqunyiweyo wanjalonjalo. Asiqale nje sidonsa isikebhe."

56 Kuthi nje akufane nabafundi namhlanje, emva kokuba imvuselelo isiphelile. Futhi siyazi sonke ukuthi isiphelile. Ningavele nje nikuxazulule lokho, isiphelile, imvuselelo enkulu esibe nayo. Siyakhothoza nje. Ngakho, isiphelile, ngayinye indoda ibuyela ebandleni layo uqobo nanoma yini okunye, ukuba ithathe, ibuyela emsebenzini wayo omdala futhi, nanoma yini eyenzayo.

57 Futhi sithola ukuthi bakwenza lokho uJesu esathatha ukuphumula okuncane. Futhi manje kufanele ukuthi baqala ukujabula phezu kwemisebenzi ababeMbone eyenza, futhi bekuxoxisana. O, ngithanda ukucabanga ngakho ngaleyondlela, ukuthi—ukuthi babejabula phezu kwemvuselelo ababekade benayo ngalolosuku.

58 Niyazi, kunjengabafundi baKhe manje nje. Uma uya ekhaya, uma iNkosi uJesu ihlangana nathi kulobubusuku, futhi izokwenza into ethize egqamile, into efana naleyo Eyenzile izolo ebusuku, yenza abafe uhlangothi ukuba basukume futhi bahambe, nezinto ezehlukene. Niyabo? Manje, uma Ibingenza lokho, noma omunye athole ukusindiswa, noma enye into, khona uyoya ekhaya futhi mhlawumbe, inenekazi nomyeni walo, abantwana noma kanjalonjalo, bayohlala phansi futhi baxoxe ngakho.

59 Yilokho lababafundi, ngiyakholwa, ababekwenza. Babexoxa ngalokho ababekubone kwenziwa. O, bafanele ukuthi babekade bejabula ngakho. Futhi bafanele ukuthi babexoxa ngezenzo zaKhe, ngokuthi Wayenjani, Wayezenze wafakaza ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe. Manje, uMesiya, Wayefakazisile kubo ngezenzo zaKhe, ngeZwi laKhe, ngokwenza kwaKhe, ukuthi WayeNgogcotshiweyo. Manje, igama "gcotshiwe," noma, i—i—igama *Kristu* lisho "Ogcotshiweyo." Ngakho-ke, kwakuyobakhona Oyedwa ogcotshiwe phezu kwabobonke abaprofethi; ngokuba, abaprofethi babenengxenye kaNkulunkulu, kodwa Yena wayenokugcwala kukaNkulunkulu. Niyabo? Manje, ngakho umuntu wayengaba nje nengxenye. Yena wayenokugcwala kobuNkulunkulu, ngokomzimba. Manje babexoxa, nokuthi kwafakaziseka kanjani ukuthi Wayenguye, ngoba ngeZwi ababazi ngalo, futhi baMuzwa echaza, wafakazisa kubo ukuthi WayenguBani. O, ingxoxo enkulu kangaka efanele ukuthi yayikade iphakathi kwalabobafundi!

60 Omunye wabo wayengathi, "Awu, manje-ke, siyazi. Senelisekile. Siyakholwa ukuthi Uyilowo Mesiya." Manje, niyabo, babecabanga ukuthi Wayengakuqondi; wayesemuva engxenyeni engemuva yomkhumbi. Ngakho—ngakho bathi, "Ufanele, siyazi ukuthi Ufanele ukuba ngumfundi . . . ufanele ukuba nguMesiya ogcotshiweyo."

61 Manje-ke bafanele ukuthi baxoxa ngezimo zokuziphatha kwabantu. Manje bafanele ukuthi basho into enjengale, "Uma singabona lokho, nokho singabantu abangafundile, thina badobi abasuka echibikazini lapha; futhi singabona futhi sazi, futhi sifunda imiBhalo yethu futhi sazi ukuthi Usenela ngokuphelele lesosithombe, futhi siyazi ukuthi Ungokhonjwe nguNkulunkulu, ukuthi UyilowoMesiya. Kungani izihlakaniphi zingenakukubona na? Yini indaba ngabo, ukuthi abakuboni?" Baxoxa ngezimo zokuziphatha. "Abanye babo, abanye abantu bakholwa, abanye abakholwanga."

62 Ngani, kuyafana njengoba kunjalo namhlanje. Abanye abantu bayoMkholwa namhlanje, abanye abamkholwa. Kodwa, Yena, lokho akuMshintshi nakancu, Usafana. AkuMshintshi.

63 Abanye abantu ngalolosuku, mhlawumbe ingxoxo yabo yayithi ayifane nalokhu. "Niyazi, ngikhulume nesigejane sabantu ezansi lapho namhlanje, ngenkathi si . . . Waphendula leyonhlanzi, wandisa izinkwa nezinhlanzi. Ngangikhuluma nabanye babo, base bethi, 'Lokho bekungebe lutho olunye kodwa uJehova, ngokuba uJehova Wayenguye Owanisa izinkwa ziphuma emazulwini, ziya kubantwana bakwaIsrayeli.' Base bethi, 'Akukaze kukhulume umuntu njengalo. Ngani, loMuntu uzofanele ukuba nguMesiya, ngoba siyazi uMesiya ungumProfethi. Futhi, noma yini Ayishoyo, iZwi likaNkulunkulu linaYe. Futhi noma yini Ayishoyo, izofanele yenzeke. Futhi loMuntu uyilowoMesiya, ngoba, noma yini Ayishoyo, iyenzeka.'" Amen! Ngiyakuthanda lokho.

64 Yingalesosizathu nginethemba elingaka ku*Lokhu*, ngoba yiLokhu Akusho, futhi kuzokwenzeka. Kunjalo. Yena, Washo. Leli yiZwi laKhe. Noma yini Ayishoyo, izokwenzeka, "Kodlula wonke amazulu nomhlaba kodwa iZwi laMi alisoze."

65 Kwase kuthi-ke abanye babo bathatha uhlangothi oluphikisayo. Bona, abangakholwayo, bathi, "LoMuntu kuphela ungumbhuli. Manje, loMuntu angenze lutho. Siyazi ukuthi kuphela Ungu—ngumbhuli."

66 Manje, babazi ukuthi Wayenempilo eyimfihlakalo, ngoba Wayekwazi ukubuka ngqo enhliziyweni yabantu futhi abatshele impela ukuthi babenzani, ukuthi babekade benzeni, ukuthi yayiyini izinkathazo zabo, nokuthi kwakuzokwenzekani. Futhi akuzange kwehluleke. Kwenzeka impela ngaleyondlela. Futhi nalowo kungaba nguNkulunkulu kuphela.

67 Manje akukho...isanusi noma umbhuli angafika athi ukuqagela kancanyana futhi akwenze into enguhhafu. Lowo udeveli. Noma ubani uyakwazi lokho. Ngakho anibonanga isanusi noma umbhuli phandle lapho enza iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa, lutho nhlobo, abakwenzi lokho. Bachezukele ndawondawo bethatha umnikelo ndawondawo, u—u—ukunidukisa. Kunjalo. Futhi baphila noma yiluphi uhlobo lokuphila.

LoMuntu wafakazisa ukuthi WayenguMesiya.

68 Niyabo, imimoya emibili isondelene kakhulu ndawonye ngangokuthi iyodukisa nabakhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka. Kodwa uma bekhethiwe, awuyikubadukisa. Niyabo? Kodwa usondelene kakhulu ndawonye, futhi ikakhulukazi ngalezizinsuku zokugcina, uJesu wethembisa ukuthi uyobanjalo, imimoya emibili. Nokuthi kanjani lona, olunye uhlangothi, ichezuke kude le macala omabili lapha iyothi ngqu lapho kungafinyeleleki khona.

69 Lapho impi ekhona, iphezulu ngqo lapho noSathane. Hhayi umuntu othize owanga izingane, futhi—futhi angcwabe abafileyo, futhi—futhi aphathe ummese omncane; kodwa umuntu othize nenkemba ebanjwa ngezandla zombili, enhla ngqo ekhaleni lempi. Yilowo-ke, niyabo. Yileyonto ebalulekile. Yilapho ukushisa kwempi kukhona. Yilapho isitha sima khona.

70 Futhi emuva le, awu, abakuqapheli. Niyabo, anitholi hlazo. Akukho-lutho oluzayo, nje, "Dokotela u*S'bani-bani,* sijabula ngempela ukukubona, mfundisi mhlonishwa wethu, mfowethu, Dokotela u*S'bani-bani*, Fata oNgcwele wobuNkulunkulu." Niyabo? O, he!

Kodwa uma usenhla lapho, "LowoBelzabule omdala, lowodeveli, lowomzenzisi, Akalutho kodwa ungudeveli." Kuqala ukuqophisana ngasosonke isikhathi. Yebo, mnumzane. Niyabo?

71 Yilapho Ayemi khona. Futhi bazi ngalokho, lalilapho leloZwi liqinisekiswa, lafakaziswa ukuthi lalilapho.

72 Futhi ngakho khona, niyazi, kungahle ukuba kwakunguJohane osemncane owayengakabinayo inhliziyo yakhe—yakhe esezibazibazi ngeningi kakhulu isayensi yezenkolo, kufanele ukuthi washo into enjenga le, "Kucabangeni! Khona lapha emkhunjini, Lona okhonjwa yiZwi likaJehova, ukuthi uyiNceku kaJehova, kuYe Uthokozile, ukhona lapha emkhunjini kanye nathi. Ukuzizwa uphephe kanje pho!"

73 O, ukuba thina kulobubusuku kuphela besingababamba lowombono! Yena impela uJehova, owenza amazulu nomhlaba, ukulesisitsha sethu esincane ngqo, sisagwedla okunamandla kwesizotha sempilo. Ngokuba, uMoya oNgcwele unguJehova, esimweni sikamoya, kini. Niyabo? UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, unguNkulunkulu qobo lwaKhe kini. UJesu wathi,

"Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, Mina e. . .nani kiMi." O! O, he!

74 Manje-ke uNkulunkulu, konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuJesu; nakho konke lokho uJesu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni laKhe, wazehlukanisa Yena uqobo ngoSuku lwePhentekoste. LeyoNsika yoMlilo iyehla futhi yaziqhumela Yona, iNkazimulo yeShekina, wase eYibeka kwabehlukeneyo. Izilimi zoMlilo kwabonakala phezu kwalowo nalowo; uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, ezikhomba Yena uqobo ezidalweni ezingabantu. Amen.

75 Ngikhuluma ngomusa omangalisayo, ukuthi umnandi kanjani umsindo na? Kungukuphepha okunje pho! Sizizwa siphephe kanjani, ukwazi ukuthi uma sishayela emigwaqeni emikhulu, noma ngabe yini esiyenzayo, lowoJesu ulele emkhunjini. Amen. LoWo Ongenza noma yisiphi isimangaliso, angenza noma yini Afuna yenziwe, uyayenza futhi, ngokuphelele uzikhomba Yena uqobo. Usesikebheni sethu esincane njengoba sigwedla okunamandla kwesizotha sempilo. Uyafana njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Unjalo namanje. Ukuzwa kokuphepha okunje pho, sisagwedla amanzi empilo azanyazanyiswayo. Ngenkathi loMel Johnson, umculi onekhono, omncane waseSwidi ecula, "Uma sengiwele umfula waseJordani." Cabangani nje, uma usufika ezansi lapho emfuleni, Uyoba lapho. "Angiyikukuyeka angikukushiya." Isithembiso esinje pho, ukugwedla lamanzi azanyazanyiswayo.

76 Babeyinto ethi ayifane nathi namhlanje, labobafundi phandle lapho kulowomkhumbi ngalobobusuku, emva kwemvuselelo, wayezitika ngemiphumela.

77 Manje mhlawumbe phakathi kwezimvuselelo manje, sibheke okunye ukushukuma, lapho okuzofanele kube nento ethize eyenzeka manje eyoqoqela iBandla ndawonye. Kuzodingeka kube nolunye uhlobo lokucindezela. UNkulunkulu njalo ukwenza ngaleyondlela, ukugijimisa abantu baKhe babendawonye. Ngikholwa ukuthi sekuvele kuyabunjwa, okuyovalela ngaphandle yonke into engayikuvumelana nabo, futhi khona-ke kuzogijimisa iBandla libe ndawonye. Futhi silindele lokho ukuba kwenzeke, futhi siphila ngemiphumela yemvuselelo enkulu esisanda kuyedlula nje, futhi Uphumule.

78 Wayephumule ngaleyonkathi njengoba Enza ngenkathi Eseqede umsebenzi waKhe kuGenesisi. IBhayibheli lathi, "Futhi ngosuku lwesikhombisa, uNkulunkulu waphumula kuyo yonke imisebenzi yaKhe." Futhi manje uJesu wayeseluqedile lolosuku, futhi Wayephumule emisebenzini Ayeyenze ngalolosuku, ephumule ngo—umsebenzi omkhulu ngokuthe xaxa ukuba awuqale kusasa. Niyabo, ethatha ukuphumula okuncane.

79 Futhi yilokho engicabanga ukuthi Uyakwenza manje. Ukushukuma akukho phakathi kwabantu. Awukwazi ukubona

umdlandla lokho kanye. Sibenawo, cishe ishumi noma iminyaka eyishumi nanhlanu eyedlula ngenkathi imvuselelo iqala, enye yezimvuselelo ezithatha isikhathi eside kunazo zonke esake saba nazo. Nomlando ukhombisa kuphela ukuthi imvuselelo ihlala kuphela kungeqi eminyakeni emithathu, kakhulu impela. Futhi sibe neyodwa ngalolusuku lokugcina manje, cishe iminyaka eyishumi nanhlanu, leyomililo yemvuselelo yashaya e—ezweni lonke.

80 Kodwa manje ibonakala iphumule. Siyamangala, ngayinye inceku egcwaliswe ngoMoya, futhi ibheka phezulu, "Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi ikhona into ezokwenzeka. Ngizwa umfutho uza. NgiyaKuthanda, Nkosi. Futhi manje ngi—ngifuna ukubona Wena ngokuthula, Nkosi. Sisize. Silinde Wena." Lokho kuthi nje akube ngendlela isimo sokuziphatha esiyiyo.

81 Yileyondlela, labobafundi bexoxa ngalokho ababekubonile, kwase kuthi-ke, khona manjalo, kwavuka inkathazo.

82 Lowo nguSathane. Akayikukuvumela uphumule phezu kwayo isikhathi eside impela. Uma uhamba uyokhuluma ngeNkosi uJesu, nangemisebenzi yaKhe, uzoba khona lapho ukuphazamisa lokho.

83 Yase ivukake inkathazo, khona manjalo. Umkhumbi uqala ukungqangqazela, oseyili baphephuka, izigwedlo zephuka, namanzi agcwala phama isikebhe. Inkathazo isiseduze! Niyabo, kwenzeka masinya. Onke amathemba okusinda lalingasekho. Nakuba babeMbonile enza izinto eziningi kakhulu; uma sekugadla inkathazo, bakhohlwa yikho konke ngakho.

84 Manje ngifuna ukunibuza okuthize, njengomfowenu. Leso akuthi yini akube isimo sokuziphatha kwabantu namhlanje na? Sizoza esontweni lapha, futhi simemeze futhi sidumise uNkulunkulu, ngenkathi abafowethu kanjalonjalo, bekhuluma iZwi, futhi singazizwa izithembiso. Sivele nje sidumise uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, silalele ubufakazi balowo ethi, "Ngangiyimpumputhe, amehlo ami ayephuphuthekile, manje sengiyabona." Omunye athi, "Udokotela wayesengidelile, nginomdlavuza, futhi emavikini amabili, noma izinsuku ezimbili, noma okunye, kwakungekho nalinye icashaza lomdlavuza. Lokho sekube isikhathi eside esedlule. Abasawutholi namanje." "Ngalala, ngiboshelwe esihlalweni esinamasondo, ngikhubazekile; ngihamba kahle kanjenganoma yimuphi umuntu." Sizwa lezozimfakazo.

85 Kodwa njengakho nje, ake kugadle endlini yethu encane kanye, khona-ke sikhohlwa yikho konke ngaleyonkazimulo esikade siyijabulela, zonke lezozinto ezinkulu; o, sekuyithi manje. Niyabo, lezozinto zenzeka ngenhloso, zenzeka ukuba zikuvivinye. Manje, inkathazo esingeke sayelapha, ibonakala sengathi udokotela angeke ayelaphe, futhi ayikho into engelapha.

86 Bazama ukudonsa oseyili babo; waphephuka. Bazama izigwedlo zabo; zephuka. Bagijimela kwiphakathi nomkhumbi; wagcwala phama. Niyabo, uSathane wayezimisele ukubathatha. Manje wayecabanga ukuthi uJesu wayemlalisile, eqhelile kubo, futhi manje-ke wayengathi nyelele angene kubo.

87 Manje yileyondlela okungayo namhlanje. Uma uSathane ethola ithuba, nangu eza. Niyabo? Futhi uya kudokotela, athi, "Ayikho into ongayenza; sekuqhubekile. Ubani na? Asinalutho lokugula kwemizwa. Asinalutho lwezinkathazo zengqondo. Qhabo, singenze lutho. Isifo samathambo? Qhabo, akukho esingakwenza ngalokho. Mhlawumbe singakunika umuthi ikotisoni, nalokho kuyokubulala, ngakho asinalutho kwaso. Ilukhemiya isifo sokuphelelwa yigazi? Akukho esingakwenza ngaso." Niyabo, manje-ke nithola yonke inkathazo.

88 Bukani, bukani emuva, Akayiphilisanga yini ilukhemiya isifo sokuphelelwa yigazi na? Akawuphilisanga yini umdlavuza na? Akenzanga yini yonke into ngokufanele na? Akaligcinanga yini iZwi laKhe na? Niyabo, sithola ukuba senkathazweni uma kushaya umkhumbi wethu omncane. Leligxolo elincane esigwedla kulo luyichoboka, empeleni, ligcwala phama ukungabaza, izwe.

89 Qaphelani, inkathazo ababengenakuyelapha, sekungena ukwesaba-ke, njengoba kunjalo nje manje. Njengoba sinokwesaba ezinkathazweni zikazwelonke. Sinokwesaba ezinkathazweni zamabandla. Sinokwesaba macala onke, ndawo zonke. Manje sithi, "Awu, manje, singenzani ngakho na?" Ukuba kuphela besingakhumbula ukuthi Usemkhunjini. Niyabo? Wena ukuthi, "Kodwa ngabe . . . " Yebo. "Ngabe Usemkhunjini na?"

90 Lapha, *Lona* nguYe, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." NeZwi li "yilo izolo, namuhla, naphakade." Kusalokhu kuyikho nje ukuthi thatha *Leli*! Liyiselapho. Lingumuthi. Liyikhambi lakho konke ukulahlekelwe yimpilo namandla. Liyi—liyikhambi lawo wonke umdlavuza. Liyikhambi lazozonke izifo ezincane. LinguNkulunkulu ebonakaliswa eZwini. "IZwi linguNkulunkulu." UJesu wathi, "Liyimbewu." IMbewu itshalwa ohlobweni olufanele lomhlabathi, iyokhula impela ibe yilokho eyikho, nazo zonke izithembiso ziyovezwa. Sikhohlwa yikho konke ngakho, sazi ukuthi Usemkhunjini.

91 Babefanele bazi ukuthi Wayazi ukuthi leyonto yayizokwenzeka. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, Wayekwazi. Wayazi, ngasosonke isikhathi, kwakuzokwenza. Ngani na? Wakwenza kuphela ukufakazisa, ukuhlola ukukholwa kwabo.

92 Futhi ngezinye izikhathi Wenza into efanayo enzela wena nami, Uvumela izinto zenzeke ukubona nje ukuthi sizokwenzani ngakho. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi,

"Amen."—Umhl.] UmBhalo washo ukuthi, "Yonke indodana eza kuNkulunkulu imelwe ivivinywe, ilaywe, ihlolwe." USathane uyokwenza ufakazise lonke i intshi lomhlabathi othi ngowakho; impela uyokwenza. Ngakho, ngezinye izikhathi uNkulunkulu uvumela lezozinto zenzeke.

93 Manje, khumbulani, bonke baxhuxhuma. Onke amathemba lalingasekho. Umkhumbi wabo wa . . . Oseyili babo, ababevame ukugwedla ngawo, kwase kungasekho. Izigwedlo, ababekade—kade bedonsa ngazo, zephuka. Amagagasi ayeketule futhi atshekisa isikebhe, kanjalonjalo. Onke amathemba lalingasekho. Futhi nokho, onabo ngqo, olele emkhunjini, wayeyiLowo Owayekade efakazisile ukuthi WayenguMdali wamazulu nomhlaba. Amen. Wayefakazisile ukuthi Wayeyini, ngezibonakaliso nezimanga, ukuthi uNkulunkulu wayethathe iZwi laKhe Ayethe uMesiya waKhe uyozenza, futhi wayeqinisekise lowomuntu ukuthi wayenguMesiya waKhe. Futhi Wayelele nje kwingemuva lomkhumbi, ukusuka kubo, futhi nokho babesabela ukufa.

94 Udumo! Ngizizwa nje ngi . . . enicabanga ukuthi ngiyikho, umgingqiki ongcwele. Awu, manje qaphelani ngenkathi . . . Ngiyazi ukuthi lokho akuzwakali kufana kakhulu nomfundisi wasesontweni, kodwa ku—kungenza ngizizwe ngikahle ukukusho, noma kanjani. Niyabo?

95 Ngakho qaphelani lapho, usizo lwabo—lwabo lwalulele khona lapho, futhi base bekhohlwe yikho konke ngaLo. UJesu wayefakazisile ukuthi unguye impela uNkulunkulu owakwazi ukudala izinkwa, usuku ngaphambi kwalokho, usuku olufanayo, udala izinhlanzi. Wafakazisa ukuthi WayenguMdali, futhi babesalokhu bemangala. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

96 UJesu wathi, "Uma—uma Ngingazenzi lezozinto ezilotshwe ngaMi, khona-ke ningaNgikholwa; kodwa uma Ngenza lezozinto ezilotshwe ngaMi, ziyafakaza futhi ziyanitshela ukuthi Ngingubani." O, he!

97 Uma uzisho ukuthi ungumKristu, iBhayibheli lapha likutshela ukuthi umKristu ufanele abe njani. UMarku 16 uzokutshela ukuthi ngabe uyikholwa, noma qha, uyabo, uyakutshela ukuthi ufanele ube yini.

98 UJesu wathi, "Yimuphi kini ongaNgilahla ngesono na?" Isono ngukungakholwa. "Uma Ngingafakazisanga khona impela, kini, eNgifanele ukuba yikho."

99 Noma yisiphi isithunywa esikhulu njengaleso sitshelwa thina ngaphambili eBhayibhelini. Njalo singathola indawo yakho emBhalweni. Yingalesosizathu uMoya oNgcwele namhlanje utshelwa thina ngaphambili eBhayibhelini, futhi siyazi ukuthi Ulapha. Futhi siyakwazi ngomBhalo, ukuqinisekiswa kokuthi Uyini. Sibonile ukuthi Wasebenza kanjani ekuqaleni, sibonile ukuthi Wasebenza kanjani kuKristu,

siyabona ukuthi Usebenza kanjani namhlanje. Niyabo, siyazi ukuthi UnguMoya oNgcwele, noma qha, ngoba Ubonakalisa futhi uqinisekisa iZwi likaNkulunkulu, uLenza liphile.

100 Manje, "YiYo efakaza ngaMi. Hlolani imiBhalo, Iyanitshela ukuthi NginguBani." Babefanele bakwazi lokho, WayenguNkulunkulu ofanayo owakwazi ukudala izinkwa, Wadala futhi imimoya namagagasi. Impela. Akasiyo nje ingxenye kaNkulunkulu; UnguNkulunkulu wonke. Wadala imimoya namagagasi. Uma—uma ezinye izinto zadingeka ziMlalele, futhi WayenguMdali, imimoya namagagasi bekungeMlalele futhi na? Amen.

101 Qaphelani, asikhumbule, Wadala nemizimba yethu futhi. Futhi imizimba yethu ayiyikuMlalela na? Amen. Nikela imicabango yakho kuYe, nikela impilo yakho kuYe, nikela ukukholwa kwakho kuYe, bese ubhekisisa ukuthi lowomzimba ulalela Akushoyo. Uma uyisidakwa futhi ungakwazi—ngakwazi ukuyeka ukuphuza, nikela leyompilo kuYe futhi, bhekisisa, awusophinde uphuze. Uma ungumbhemi osejwayelekile, futhi uzame ukukuyeka futhi awukwazi ukukwenza, nje nikela lokho kuYe bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Uzokwenza lowomzimba ubuye uthobele iZwi. Yebo, mnumzane. Kodwa ufanele uwunikele kuYe. Ufanele uMkholwe. Wenza imizimba yethu; ilalela intando yaKhe futhi. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma ungumKristu, ufanele.

102 Wena uthi, "Wenza imizimba yethu ilalele na? O, ngikholwa ukuthi sinamandla omthetho phezu kwalokho." Khona-ke u—awuzinikele ngokugcwele.

103 Ngokuba, awusesuye owakho; ufile. "Wena uqobo ufile, nokuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, futhi kwabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele." Uzosuka kanjani kulokho na? Ngicabanga ukuthi sidinga imvuselelo. "Izimpilo zethu zifile." Sifile; imicabango yakho uqobo. Ucabanga imicabango emsulwa. Leyomicabango emidala yezwe ekuhola ikuchezukise, ufile kulokho. "Nokuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, futhi kwabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele." Isikhundla esinje pho! Ukuphepha okunje pho! O, he! Kuze kube nini, kuze kube yimvuselelo elandelayo na? "Kuze kube wusuku lokuhlengwa kwenu." KwabaseEfesu 4:30, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwe ngaye uphawu kuze kube wusuku lokuhlengwa kwenu." Ukuzizwa uphephe kanje pho, wazi futhi ubhekisisa uMoya oNgcwele uguqula imvelo yakho usuke ekubeni ngumuntu omubi kakhulu. Amen. Manje-ke siyazi ukuthi sedlulile ekufeni saya ekuphileni, sibona uMoya oNgcwele ephila kithi, ukuPhila kwaKhe.

104 UPawulu wathi, "Impilo engake ngayiphila, angisayiphili. O, akusimina, kodwa uKristu ophila kimi!" Yilokho-ke,

wayesedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, noKristu wayephila kuye. Ephephe ngokuphephile! UKristu kwakunguYe oqondisa umkhumbi; uPawulu wadingeka nje ahlale athule futhi aMlalele.

105 Qaphelani, uNkulunkulu uyokwenza imzimba yethu iMlalele kakhulu, ukuthi Wathi kuJohane oNgcwele isahluko 6, "Odla inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyakumvusa ngomhla wokuphela." Kucabangeni, imizimba yethu iyalalela uma singasakwazi ukuwulawula, futhi ubuyela esipunwini esigcwele sothuli, uNkulunkulu uyokhuluma kulowomzimba futhi uyovuka futhi ufana noJesu Kristu ovukileyo. Nikhathazeka ngani nga*lona* na? Uma usezandleni zikaNkulunkulu, uyeke uhambe, amen, ngokuba Uyowuvusa, umhla wokuphela. Wethembisa ukukwenza, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kulotshiwe eZwini laKhe. Nesabani pho ngalona, lomkhumbi omdala omncane na? Ukuwo.

106 Uma Engekho, ungasuki kulobubusuku aze Angene. Kuyinto eyingozi ukuzama ukugwedla ngaphandle kwaKhe. Uyocwila, ngempela.

107 Kodwa ungeke ucwile. Uma ucwila, Uyobuye akuvuse, ngakho kwenza mehluko muni na? UkuPhila okuPhakade, uNkulunkulu Ongenza konke okudaliweyo kuMlalele. O, ngiyalithanda leloculo elidala lebandla:

> Imimoya namagagasi kulalela intando yaKhe.
> Thula, uthi du! Thula, uthi du!

108 Yonke into izofanele iMlalele. Yonke imvelo izofanele iMlalele. UnguMdali wemvelo. Amen.

109 Emva kwabafund-. . .abafundi bazithola ekugcineni, kufanele ukuthi kwasa kubo. Emva kokuba sebebonile ukuthi babengenakwenza lutho ngakho, kufanele ukuthi kwasa kubo, "Akenisho, sisesimweni esibi kabi lapha! O, ngizofa. Angifuni ukuminza. Lokhu. . . "

110 Omunye wabo kufanele ukuthi wathi, "Akenime kancane, akenime kancane! Ngabe kuke kwasa kimi, ukuthi Ulele khona lapho na? Lapha kade sixoxa konke ngaYe, sifakaza ngaYe, nemisebenzi emikhulu, futhi siMusho ukuthi unguMesiya, futhi nangu Ukhona lapha nathi." O! O! Udumo! O, ukuzizwa unje pho!

111 Sewake wacabanga ukuthi wawususekupheleni kwendlela na? Cishe ezinyangeni eziyisishiyagalombili ezedlule ngenkathi ngibona umbono ekhaya, futhi niyazi ngakho, *Banumzane, Sikhathi Sini na*? Ngenkathi ngibona lokho, ngakuzwa lokho kuqhuma kwenzeka embonweni, ngabona iziNgelosi eziyisikhombisa ziza, zingidumela. Nganitshela nonke, "Lokhu mhlawumpe ukuphela kwendlela." Ngaya kumkami, futhi ngathi, "S'thandwa, lokhu kungahle kube ukuphela kwami.

Angazi." Bangaki oke wezwa iteyipu na? Awu, impela, niyazi. Niyabo? Ngathi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI. Kukhona into ezokwenzeka, angazi." Ngase-ke ngiya kuye, ngase ngithi, "Mtakwethu, ngizokutshela ukuthi ngifuna wenzeni manje. Uma lokhu kungukuphela kwami, uNkulunkulu ukhombise umbono."

112 Akakutsheli njalo ukuthi kuyini. Akazange atshele a—abaprofethi beTestamente eLidala, noma iTestamente eLisha, ukuthi kwakuyini. Izikhathi eziningi, ngaphandle uma Wayefuna ukuba bazi, bavele baloba phansi nje, niyabo, ngakho kwakungemsebenzi wabo. NguNkulunkulu enza okuthize.

113 Ukuba uNkulunkulu wayengafikanga enkundleni, imizuzu eyishumi nanhlanu ngokunye ukusa ngaphambi kokuba ngisuke, lelibandla ngabe alikho lapha kodwa isikhathi esidanyana. Buzani uMfowethu Carlson. Uma iNkosi uNkulunkulu ingakhulumanga kimi emizuzwini eyishumi nanhlanu ngaphambi kokuba ngize lapha, ngingasho njalo, eGameni leNkosi, lelibandla ngabe alimile izinyanga eziyisithupha kusukela manje. Beniyohlakazeka njengezimvu. Kodwa iNkosi uNkulunkulu, esihawini sayo, yakhuluma kimi, ngingazi neyodwa into ngakho, futhi ngiyafika futhi ngatshela uMfowethu Carlson. Khona manjalo lapho kwasombuluka, futhi kwakulapho. Manje nangu uMfowethu Carlson. Niyabo?

114 O, ngijabula kakhulu ukuthi, ngesikhathi senkathazo, Usemkhunjini. Amen.

115 Libusiswe kanjani iGama leNkosi! Ngifisa sengathi ngabe benginamazwi, benginamagama asetshenziswayo ekukhulumeni, uhlobo oluthize lwezwi ebengingalizwakalisa ukuthi Usho ukuthini kithi. Nokho, kungaphandle kwezwi. Si. . . I, I. . . U—umprofethi wathi, "UnguMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade," wase-ke ephelelwa ngamazwi, wathi, "Uyisimangaliso." Wayengasenazo ezinye iziqu ayengaMnika zona. "UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade, neSimangaliso." Amen. O, simdumisa kakhulu kangako, iNkosi uNkulunkulu uJehova onamandla!

116 Phakathi kokukhonza izithombe, phakathi kobuzwe bezwe, phakathi kwazozonke izinhlobo zokudideka nokuxova, sisalokhu sinaYe emkhunjini. O, ngalolusuku, ngalolusuku lapho izinkolo zingazi ukuthi ziye ngaphi; o, ngijabula kanjani ukwazi ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo, neNkazimulo yaseShekina efanayo, yena izolo, namuhla, naphakade, usemkhunjini, ngazi ukuthi ngifanele ngibhekane (uma Elibala) nesigodi sethunzi lokufa. Akumangalisi uDavide amemeza kakhulu, "Angiyikusaba okubi, ngokuba Wena usemkhunjini!" Amen.

117 O, ukuthi babekubona kanjani lokhu, kakhulu ngangokuthi babebonile, wayengakwazi ukukuzwakalisa konke, okwalokho

ababekubonile. Manje kwasa kubo ukuthi Wayelele ngqo eduze nabo.

118 Manje Useduzane kakhulu kakhulu kini kunoma Wayenjalo ngaleyonkathi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Nginani manje, kodwa ngiyoba kini. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

119 "Mfowethu uBranham, ngingaphumula ngokuqinisekile kuLokhu na?" UJesu washo njalo! "Ngizokwazi kanjani na?"

120 "Nemisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Nakho lapho okhona. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, "Unguyena izolo, namuhla, naphakade!"

121 Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi, lapho kuvela khona inkathazo, ukuthi siyasho, kulabo bafundi okufanele ukuthi bathi, "Asihambe siyoMvusa. Asihambe siyoMbiza. AsiMbizele enkundleni." O, mfowethu othandiweyo, dadewethu othandekayo, ngiyanithanda. Futhi, khumbulani, nginitshela iQiniso. Uma ninenkathazo kulobubusuku, Useduze ngqo. Angabizwa enkundleni, ngokunyakaza nje kwezindebe zenu. Uzoza enkundleni. Amen. Bizelani uJesu enkundleni! Vusani uJesu, ngokuba sinaYe unathi, futhi Unguyena izolo, namuhla, naphakade.

122 Babelibonile iZwi likaNkulunkulu langokomBhalo liqinisekiswa nguYe, kanjalo nathi silibonile, futhi Wayengel'khuni ukubizelwa enkundleni. Wayelele lapho nje elindele bona ukuba baMbize.

123 Manje ngiyazibuza, kulobubusuku, ukuthi ngabe Akalele yini enhliziyweni yakho ngqo, elindele wena ukuba uMvuse na? Kunjalo. O, ngiyakuthanda lokho!

124 Abantu namhlanje bathi, "Awu, manje, ukuba kuphela besingazi futhi siqinisekiswe." Sibezwa bethi, bethi, "*Lokhu* yi*lokho*, na*lokhu* yi*lokho*."

125 Kodwa *Lokhu* yiLokho. *Lokhu* yiLokho. Manje, *Lokhu* yilokho Akusho, Leli yiZwi laKhe. Yena neZwi laKhe bayafana. IZwi laKhe maliMkhombe.

126 Yileyondlela Athi yayingafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu, ngenxa yokuthi imisebenzi uNkulunkulu aMnika yona ukuba ayenze yenziwa nguYe. "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Niyabo? KwaMkhomba kanjalo-ke.

127 Ukhonjwa kanjalo-ke wena. Uma uthi ungumKristu, futhi i—inkomba yomKristu, umKristu weBhayibheli, ingasetshenzwa kuwe, khona-ke kukhona okungalungile. Niyabo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

Yebo, mnumzane. Akusikho ukuthi “mhlawumbe ziyobalandela.” Ziyobalandela!

128 Ukuba kuphela besingaqonda ukuthi Ulapha nathi, onguyena izolo, namuhla, naphakade. “Bhekani, Mina nginani njalo. Angisoze nganiyeka, angisoze nganishiya. Nginani kuze kube sekupheleni kwezwe,” isahluko 24. “Angisoze ngakuyeka,” futhi Washo. O! Futhi, “Angisoze ngakuyeka angisoze ngakushiya.” Bengibheka imiBhalo nje ebingiyibhale phansi lapha mayelana nakho.

129 Singaqiniseka kanjani na? NgeZwi laKhe elifakazisiwe. Ulinde wena manje ukuba uMbizele enkundleni, ukuba afakaziswe, ngakho masihambe futhi sivuse uKristu ezimpilweni zethu.

130 Umvusa kanjani uKristu na? Ngokukholwa iZwi laKhe. Ukukholwa kuMletha enkundleni. Yilokho okuMletha enkundleni, ukukholwa. Manje-ke, bizani Yena ukuba aqinise iZwi laKhe. Futhi ningangabazi, ngokwesaba; ningakwenzi lokho. Mkholweni nje njengoba Kulotshiwe, futhi makwenziwe, noNkulunkulu uzofakazisa kini ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

Sikhonza uNkulunkulu ongenakubonwa.

131 Uma umuntu ehambe kulomsamo, kulobubusuku, nezibazi zezipikili ezandleni zakhe, nomaka bameva ukuvundla lapha, lowo bekungeke kube nguNkulunkulu. Sibe nokuningi kakhulu kwalokho ngezinsuku zokugcina. Niyabo? Awu, noma yimuphi umzenzisi ubengakwenza lokho. Niyabo, noma yimuphi ozifanisa nomunye, umkhohlisi, ubengakwenza lokho. Kodwa indlela kuphela ubuyokwazi ngayo uJesu ibiyoba ngemisebenzi yaKhe. Nalowomuntu ubeyozama ukuzenza uJesu; futhi uJesu akazukubonwa kulolohlobo lomzimba size siMbone eFika. “Kuyobakhona okristu bamanga abavuka ngezinsuku zokugcina,” Wathi, “futhi bayobonisa izimanga ezinkulu, izibonakaliso ezinkulu,” kodwa noma kunjalo lokho akusikho.

132 “Ngokuba njengonyazi luphuma eMpumalanga, futhi lukhanye eNtshonalanga, kuyakubanjalo ukufika kweNdodana yomuntu.”

133 Kodwa sazikanjani-ke ukuthi Unathi, e. . .ngasimo sini na? Hhayi ngemiqondo yezihlakaniphi; akufakazisi empilweni yabo. Hhayi ngokuthi, “Ngiyakholwa.” Lokho akukwenzi. Kuzofanele kube yinto eyenzeka kuwe, leyo, uMoya oNgcwele uqobo lwaWo, lokho ngukuqinisekisa kukaNkulunkulu.

134 Futhi uma uthi unoMoya oNgcwele, bese-ke ungalikholwa lonke iZwi phakathi lapha, kukhona okungalungile ngomoya onawo. UMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, futhi angeke Athi, “Ngaqamba amanga *lapho*. Ngangingaqondile *Lokho*.” Hhayi Yena; Uphelele.

135 Qaphelani, ukuthi ukhonjwa kanjani, Ubengaba kanjani na? Uma iBhayibheli lasho, kwabaseKolose 1:15, ukuthi si—si . . . sikhonza u "Nkulunkulu ongenakubonwa." UNkulunkulu ungongenakubonwa. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho-ke lomuntu eza ngapha enemilobo yezipikili, nentuthu, negazi, nayo yonke enye into, lokho bekungeMenze uNkulunkulu. Sikhonza uNkulunkulu ongenakubonwa. Ubehlala njalo engongenakubonwa waze Wazikhomba Yena uqobo kuJesu Kristu. Kunjalo na? ["Amen."]

136 Manje uNkulunkulu ongenakubonwa uzikhomba Yena uqobo kuwe. Niyabo? Wena uyithempeli laKhe. Uyi . . . "Umzimba wakho uyithempeli likaMoya oNgcwele." UmBhalo usho njalo.

137 INsika yoMlilo uMose ayibonayo yayingesuye uNkulunkulu ongenakubonwa. LeyoNsika yoMlilo yayiNkazimulo yeShekina eyayimele ukuthi uNkulunkulu ongenakubonwa wayeseseduzane.

138 Ngenkathi uJohane ebhaphathize uJesu, iNdodana kaNkulunkulu; uNkulunkulu, uNkulunkulu ongenakubonwa, wehla ngesimo sokuKhanya, ebumbeke njengejuba ligwedla lehla emoyeni, uNkulunkulu ongenakubonwa wakhonjwa eNkazimulweni yeShekina.

139 UNkulunkulu ofanayo ongenakubonwa wazikhomba yena uQobo eNsikeni yoMlilo, iNkazimulo yeShekina, ngenkathi benikela ithempeli ngesikhathi sikaSolomoni. Ingena futhi yaya . . . INsika yoMlilo yangena emva kwamakhethini, phezu kwendawo eNgcwelengcwele. INkazimulo yeShekina yakhonjwa.

140 Manje, ngenkathi uPawulu esendleleni yakhe ezansi eya eDamaseku, uJesu Kristu ongenakubonwa wazikhomba Yena uqobo kuPawulu, ngesimo seNkazimulo yeShekina, ukuKhanya okwakhipha lawo mehlo esoni. Amen.

141 LeyoNkazimulo yeShekina efanayo ilapha kulobubusuku, okuyiyona izolo, namuhla, naphakade, imele uNkulunkulu ongenakubonwa, eqinisa amaZwi aKhe ngezibonakaliso ezifanayo Athembisa ukuthi zenziwe. Ubizelwe enkundleni.

142 Manje ungaMbizela empilweni yakho, futhi uthi, "Nkosi Jesu, ngiyaMthatha, ngithatha Wena eZwini laKho. Ngiyakholwa ukuthi Ulapha. Ngiyakholwa ukuthi Ulapha, kulobubusuku, ukuba ungisize. Ngifuna Wena esikebheni sami. Ngifuna Wena, uMoya oNgcwele omkhulu, ukuba uze kimi. Ngisenkathazweni. Ngiyagula. Ngiyisoni. Ngi—ngifuna Uze kimi, ngifuna Ungisize. Ngiyaqonda ukuthi Ulele lapho nje, ulindele ukuba, mina ngiKubize. Futhi ngizobiza Wena, ngayo yonke inhliziyo yami?"

143 Manje asikhothamise amakhanda ethu sisenza lokho. Hloniphani ngokuzithoba. Khulekani sengathi anikaze ngaphambili.

144 Wonke umuntu yimani umzuzu nje futhi nicabange. Ungubani wena na? Uyini na? Wavelaphi, uyaphi na? Uma ubuyisoni phakathi lapha kulobubusuku esingamazi uKristu, futhi uthanda ukuba Yena azongena emkhunjini wakho kulobubusuku futhi akusize wedlule emanzini azanyazanyisiweyo, futhi ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni, ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena, macala onke endlini.

145 Ungekhumbule nje manje, ngenkathi ngikukhulekela, ukuthi nje uzovula inhliziyo yakho. Yilokho kuphela okukhona kukho. Vuma nje, uthi, "Nkosi, nginephutha. Ngifuna Ungikhumbule."

146 Nkosi Nkulunkulu, Uzibonile lezozandla. Labobantu, ngiyakholwa, Baba. Ngi—ngimi lapha phakathi kokuPhila nokufa, ngabo. Futhi ngiyaqonda, ngoSuku lokwaHlulelwa, ngizodingeka ngiphendule ngalokho engikwenza khona manje. Futhi ngicelela, emkhulekweni, bona, Nkosi, ukuthi iNkazimulo kaNkulunkulu enkulu yeShekina izobonakala kubo, lelihora. Ayisoze yabayeka konke ukuphila kwabo. Futhi kwehle njalo empilweni, kuzozonke izinkathazo ezincane, kwangathi leyoNkazimulo yeShekina ingabalapho, bazi ukuthi Ingabizwa noma nini.

147 Basho emiBhalweni, Baba, ukuthi, "BaKuthatha, indlela Owawuyiyo, futhi baKufaka emkhunjini."

148 Nkosi Jesu, UnguMoya, kulobubusuku, lapha ngesimo negama likaMoya oNgcwele. O Nkulunkulu, ngokukholwa sithatha Wena njengoba Unjalo, ungene emkhunjini wethu, Baba. Sisize, Nkulunkulu. INkazimulo yeShekina mayibonakale kithi futhi inikeze ukuthula.

149 Angazi lutho olunye engingalwenza, Nkosi, kodwa ukusho lokhu Owakusho, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala, nakho konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Futhi kusukela emva kwalezizandla, engikholwayo ukuthi beziqotho, ukuthi abaphakamisele izandla zabo kuWe. Ngiyakhuleka, Nkosi Jesu, manje-ke, njengenceku yaKho, ngibanika Wena, njengezimpawu zalomhlangano lapha eChicago.

150 Ngiyala udeveli ukuba angabe esabathinta futhi! Bayimpahla kaNkulunkulu. Phansi izandla, Sathane, baze bagxile ngokugcwele futhi bazokwazi ukuthi baziphathe kanjani nokuthi bamelane nesitha. Ngiyala isitha, ngoJesu Kristu, ukuba sidede kubo.

151 Kwangathi uMoya oNgcwele othandekayo angabathatha, ubaholele embhaphathizweni wamanzi, nasembhaphathizweni kaMoya oNgcwele, bese-ke ubabeka uphawu eMbusweni kaNkulunkulu kuze kube ukuFika nokubonakala komzimba obonakalayo weNkosi uJesu ukuhlwitha uMlobokazi waKhe. Bangabakho, Baba. Kwangathi uNkulunkulu omkhulu weNkazimulo yeShekina angaba nabo manje futhi kuze kube phakade. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka. Amen.

152 Manje umzuzwane nje. Leyo yinto yokuqala yokwenziwa. Manje into yesibili ukuba yenziwe, uma niMemukelile, kuzoba ukukufakaza, ngokuba UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwenu. Angenisize kuze kuthi kuqala, ngokukholwa, niMemukele futhi—futhi obala nifakaze ukuthi UnguMsindisi wenu. Yena, uma nizofakaza ngaYe lapha . . . Niyoba namahloni ngaYe lapha, Uyoba namahloni ngani Lapho. Uma ningenamahloni ngaYe lapha, khona-ke Akayikuba namahloni ngani Lapho. Ngiyacabanga, ekuvalweni kwalomhlangano, ukuthi ngamunye walababantu wemukele uKristu njengoMsindisi wakho, ufanele eze kulomsamo futhi usho ukuthi uNkulunkulu wenzeni enhliziyweni yakho.

153 Manje, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

154 Manje akukho-makhadi omkhuleko. Abantu, sabakhulekela abagulayo ngobunye ubusuku, kodwa ngizizwa ngicindezelekile ukuba ngenze lokhu. Bangaki abantu abagulayo ophakathi lapha, phakamisani izandla zenu. Wena ogulayo nodingayo. UNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani. Yiba nokukholwa nje.

155 Manje akunganyakazi muntu, kusukela, i—imizuzu embalwa elandelayo. Lena yinto enkulu. Inkulu kakhulu!

156 Ngakho uma kukhona ongakholwayo lapha ongakholelwa kukho, ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba uze lapha futhi ukwenze. Uma wazi ngenye indlela ethize ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu no—nokuthi lokhu kuyini, iZwi likaNkulunkulu, ngifuna ukukubona kwenziwa. Manje-ke, uma ungenakukwenza, khona-ke kukholwe.

157 Manje makuthi wonke umuntu ophakathi lapha abheke ngqo ngapha; noma, abheke phezulu, lokho kungcono. Ngiyesaba ngizoninakisa into ethize ebingingafanele ngininakise. Njengo Petru, uJohane wathi, "Sibheke." Angikuqondile ngaleyondlela. Masithi, masibheke phezulu.

158 Futhi ngizocaphuna omunye umBhalo. "UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu," siyakwazi lokho, "kanti futhi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

159 Manje ngizobheka futhi ngibone ukuthi ubani engimbonayo engimaziyo, ngoba nginabanye abantu lapha, abahlezi phakathi lapha, basetabernakele ezansi ekhaya. Nomunye wabo ngisanda kumkhumbula nje, ngu, ufika ezansi lapho, nguNkk. . . . Igama lakhe wayenguGriffin. Ngiyalilibala igama lakhe manje. NguDadewethu Rosella lapha, yena nonina behlezi lapha. Owayehlulwa wuphuzo waseChicago, neNkosi yamphilisa emhlanganweni. Nonke, cishe, niyamazi uRosella lapha; izimishini, nokunye nokunye, kuya lapho ayekhona, efakaza. Ohlulwa wuphuzo uqobo, futhi manje ngumKristu othandekayo, futhi wabizwa nje yiNkazimulo yeShekina efanayo. Ihlala isikhathi eside, nayo, ayinjalo, Rosella na? [UDade uRosella uthi, "Amen."—Umhl.]

160 Futhi manje ngiqalaza futhi. Angiqinisekile, kodwa ngicabanga ukuthi ngiyalazi lelinenekazi elihlezi lapha, khona lapha, owesifazane wesibili khona lapho, nezandla zakhe ziphakamele emlonyeni wakhe. Angikwazi ukubiza igama lakhe. Yebo, wena. Awehleli etabernakele na? Ngabe nguNkk. Peckinpaugh na? Kunjalo na? Yilokho engicabange ukuthi bekuyikho. Kulungile.

161 Futhi manje-ke kulungile, owesifazane wesithathu emuva, nguNkk. Way, unkosikazi walendoda eyawa yafa esontweni ngolunye usuku, inokuhlaselwa yinhliziyo, futhi yabizwa yabuye yaphila, ihlezi lapha.

162 Ngabe noma ubani wake wabona noma ubani owavuswa ekufeni na? Uma ningakaze, phakamisani izandla zenu, ongakaze abone noma ubani owavuswa ekufeni. Sukuma, Mnu. Way. [Ibandla liyajabula—Umhl.]

163 Ngangishumayela njenganamanje nje, iNkazimulo yeShekina ikhona, futhi khona manjalo, ekuhlaselweni yinhliziyo, amehlo akhe akweqa. Manje ungawavala amehlo akho, kodwa ungeke wawakweqa amehlo akho. Umkakhe lapho ungoweminyaka eminingi, unesi orejistiwe, wadazuluka ngenkathi ebamba inhliziyo yakhe futhi wabona ukuthi wayengasekho. Ngathulisa izethameli, ngehla. Ngangikade ngikhuluma. Ngabeka izandla zami phezu kwakhe, ngase ngizwa ngokuthinta. Ngambheka phezulu, wayesethi, "Akasekho." Futhi ngazama amehlo akhe, ngawabona amehlo akhe indlela . . . ingxenye engemuva lapha, ingxenye yesikhumba, ibheke emuva *kanjalo*. Wayengesenakushaya kwemithambo kunanoma *lona* unakho.

164 Ngathi, "Nkosi Jesu," futhi Ufika enkundleni.

165 Ngabeka isandla sami phezu kwakhe. Futhi wathi, wazama ukukhuluma, "Mfowethu uBranham . . . " Wayentekenteke kakhulu akakwazanga ukuthola . . . Futhi nangu emile, kulobubusuku, umklomelo womusa kaNkulunkulu.

166 Manje lokho ngukuthi, okungenani, ezinhlanu noma eziyisithupha izindaba eziyizo ngempela zokufa, ngesinye isikhathi ayisithupha noma amahora ayisishiyagalombili, ubuyele emuva ekuphileni, ngoBukhona bukaJesu Kristu, ngomkhuleko.

167 Angiqinisekile kakhulu, ngenenekazi elincane lihlezi lapha, ngikholwa ukuthi yilo. Ngiyakwazi. Angazi ukuthi ungubani igama lakho, kodwa ngiyakwazi. Kunjalo na?

168 Bese kuthi-ke uMfowethu Brown, ngikholwa ukuthi kunjalo, uma ngingaphosisi, ohlezi . . . Ngabe lowo nguMfowethu Brown na? Qhabo, angicabangi ukuthi nguye. Ngiyaxolisa. Kulungile, kumayelana nalokho, ngiyakholwa.

169 Khulekani manje, nithi, "Nkosi Jesu, mangithinte ingubo yaKho, UngumPristi oMkhulu. Futhi ngi—ngiyazi ukuthi uMfowethu Branham, ukuthi akangazi, akazi lutho ngami. Kodwa Wena uyangazi. Futhi uma Uzongivumela nje ngithinte ingubo yaKho. Ngi—ngifuna ukusinda." Manje khulekani kulowomkhuleko.

170 Futhi ngicela uNkulunkulu lokhu. Nkosi Jesu, futhi ekuvalweni kwalomhlangano kulobubusuku, ukuthi abantu, kwangathi izihambi eziphakathi kwesango, futhi zingahle zingaqondi, kodwa mazazi ukuthi uMlayezo uqinisile. Woza, Nkosi Jesu, futhi usiphe. Futhi kwangathi singazinikela, ndawonye, ukuthi ongakholwayo noma lamaKristu azelwe kabusha angabona ukuthi iNkazimulo yeShekina kaNkulunkulu ilapha manje, ikhonjwa yisithombe, futhi ngesayensi, emabandleni umhlaba jikelele. Unguwe izolo, namuhla, naphakade. SiyaKukholwa.

171 Makuthi iNkosi uJesu . . . [Udade uqala ukukhuluma ngolunye ulwimi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ayidunyiswe iNkosi. Manje uNkulunkulu uzikhombe Yena uqobo lapha. Manje, ngikholwa ukuthi lokho kuqinisile.

172 Manje akuthi omunye adabule kulezizinhla *ngapha*, khona-ke sizongena *ngapha*, bese-ke kuba kanjalo kanjalo, ngokuzungeza. Futhi nje kholwa ukuthi . . . manje makungayaluzi muntu manje. Hloniphani ngempela.

173 Manje angisho ukuthi Uzokwenza. Ngithemba ukuthi Uzokwenza. Kodwa uma Ezokwenza, lokho akuzukuba yini ukuqinisekiswa kwaleliZwi, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngabe lokho nina bantu naze kanjalo ukuthi WayenguMesiya ekuqaleni na? Ngakho-ke Uzikhomba Yena uqobo ebandleni laKhe, kulobubusuku, ukuthi UnguMesiya ofanayo, uma kuphela nizokholwa.

174 Manje khulekani nje. Ngifanele ngahlukanise indlela eyodwa . . . nginake, njalo, indlela eyodwa, ngibuka abantu nje bese ngibona. Ngi—ngi . . .

175 Yebo, akabongwe uNkulunkulu, Nakhu. EGameni likaJesu Kristu, ngithatha bonke omoya phakathi lapha babephansi kokulawula kwami, ngeNkazimulo kaNkulunkulu. Manje niyazi ukuthi lokho kuchazani. Hloniphani.

176 Lokho kuKhanya kulenga phezu kowesifazane omncane ohlezi emuva ngqo lapha, owesifazane osemncane, egqoke ingubo ephinki. Ukhuleka mayelana nomyeni wakhe. Uhlubukile, ehlezi emuva ngqo ngasensikeni. Uzokukholwa, akwemukele, noNkulunkulu uzokwenzela lesosimangaliso uma uzokukholwa.

177 Inenekazi elihlezi eceleni kwakho liyamangala ngomyeni walo . . . Qhabo, ngumfowabo ozongeniswa esibhedlela, kusasa, isiBhedlela samaSosha amadala. Uma uzokholwa nawe, kuzokusebenzela, nawe, uma ungakukholwa.

178 Nansi indoda. INkosi ikubusise. Kwemukele nje. Ungaba nakho okucelayo.

179 Nanso indoda ebihlinziwe, ngomdlavuza, ihlezi ngapha. Uma uzokholwa, uNkulunkulu uzokusindisa. Uyakukholwa na? Mnu. Wilcox, sukuma ngezinyawo zakho, yemukela ukuphiliswa kwakho. UBaba waseZulwini uyazi angikaze ngiyibone indoda, empilweni yami. Kunjalo. Ungakhathazeki, mnumzane. Ngabe siyizihambi; vayizelisa isandla sakho komunye nomunye. Kunjalo.

180 Kuyini na? INkazimulo yeShekina; uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.

181 Inenekazi eliyikhaladi lapha linesibhono esiyiqhubu, izifo ezinhlobonhlobo. Nkk. Burnet, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokusindisa na? Khona-ke ungabanakho. Amen. Angikaze ngimbone owesifazane, empilweni yami.

182 Kunesifuba somoya, ohlezi emuva lapho, egula, leyondoda engibuka ngqo. O, uma ngingaba . . . INkosi izongitshela ukuthi ubani ku . . . Mnu. McGill, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi wemukele ukuphiliswa kwakho, eGameni likaJesu Kristu. Angikaze ngiyibone indoda, empilweni yami. UNkulunkulu uSomandla uyazi.

183 Omunye lapha. Nansi indoda ngapha, inehlule legazi lizongolozele inhliziyo yayo ngqo, ihlezi ohlwini olungemuva lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uSomandla uzokuphilisa futhi akusindise na? Yilona kuphela ithemba onalo, lokuphila.

184 Lendoda ehlezi phansi ngqo lapha ekugcineni, ikhulekela indoda eseNorway, ikhulekela umngani wayo. Indoda uqobo lwayo iphethwe yinkathazo yeqolo. Lokho kuqinisile, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Yilokho-ke, unakho okufanayo.

185 Mbizeni! Ulapha. Usemkhunjini. NiyaMkholwa na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

186 Sukumani nime ngezinyawo zenu, khona-ke, bese nithi, "Nkosi Jesu Kristu, ngizobiza Wena manje. NgiyaKukholwa. Ngibizela Wena enkundleni, ngenzela mina uqobo." Phakamisa isandla sakho, futhi ngendlela yakho uqobo, khalela isidingo sakho. Nguwe. Nguwe ogulayo. NaNgu, Ukhonjwa ngokufaneleyo Yena uqobo, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Udumo kuNkulunkulu!

Baba waseZulwini, siza nje manje ngalesisikhathi sokudinga.

187 Ngiphosela inselelo uSathane, eBukhoneni bukaJesu Kristu okhonjiweyo. Ngalamaduku, nangalababantu; Sathane, ungeke wababamba. UJesu Kristu uyakukhuza! Abantu uyakholwa ukuthi Usemkhunjini. Ulapha manje. INkazimulo yaKhe yeShekina iphezu kwethu. Phuma lapha, Sathane! Ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu!

